

God's Simple Plan of Salvation taken from I NgokukaJohane

Introduction

I NgokukaJohane 5:13 Nginilobele lokho, ukuze nazi ukuthi ninokuphila okuphakade nina enikholwa egameni leNdodana kaNkulunkulu.

1. Intethelelo ephuma kuNkulunkulu. Sonke sonile.

I NgokukaJohane 5:16-17 Uma umuntu ebona umzalwane wakhe ona ngesono esingesiso esokufa, makacele, uyakumnika ukuphila, ekunika labo abenza isono esingesiso esokufa. Sikhona isono sokufa; angisho ukuba kucelwe ngaleso. Konke ukungalungi kuyisono; kukhona isono esingesiso esokufa.

I NgokukaJohane 3:6 Lowo ohlala kuye akoni; lowo owonayo akambonanga, futhi akamazi.



Intethelelo ephuma kuNkulunkulu. Sonke sonile.

2. Ukufa okuphakade yikhona okusifanele nokuyinzuzo yezono zethu.

I NgokukaJohane 5:19 Siyazi ukuthi singabakaNkulunkulu nokuthi izwe lonke limi ebubini.

I NgokukaJohane 5:12 Onayo iNdodana unokuphila; ongenayo iNdodana kaNkulunkulu akanakho ukuphila.

I NgokukaJohane 3:15 Lowo ozonda umzalwane wakhe ungumbulali; niyazi ukuthi akukho mbulali onokuphila okuphakade okuhlezi kuye.



Ukufa okuphakade yikhona okusifanele nokuyinzuzo yezono zethu.

3. UJesu wafa esiphambanweni, ethatha isijeziso esasingesethu – ukufa.

1 NgokukaJohane 4:10 Uthando lukulokhu, kungesikho ukuthi thina samthanda uNkulunkulu, kepha ukuthi yena wasithanda thina, wathuma iNdodana yakhe ibe yinhlawulo ngezono zethu.



Christ died for sinners!

1 NgokukaJohane 4:2-3 Yazini uMoya kaNkulunkulu ngalokhu: bonke omoya abavuma ukuthi uJesu Kristu ufikile enyameni bangabakaNkulunkulu; lowo moya ongamvumi uJesu akasiye okaNkulunkulu; lowo ungowomphikukristu enizwe ngaye ukuthi uyeza, nakalokhu usefikile ezweni.

1 NgokukaJohane 5:11 Yilobu ubufakazi ukuthi uNkulunkulu usiphile ukuphila okuphakade, nalokhu kuphila kuseNdodaneni yakhe.

4. Kukhona uma nje ungabeka ukukholwa kwakho kuJesu Kristu abe nguMsindisi wakho.

I NgokukaJohane 5:14-15 Yilesi sibindi esinaso kuye sokuthi, uma sicela utho ngokwentando yakhe, uyasizwa. Uma sazi ukuthi uyasizwa noma sicelelani, siyazi ukuthi sinakho esikucelileyo, esikucele kuye.

Kwabase Roma 10:9-10,13 Ngokuba uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyiNkosi, ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafuleyo, uyakusindiswa; ngokuba umuntu ukholwa ngenhliziyo kube ngukulunga, ngomlomo uyavuma kube ngokusindiswa. ngokuba "bonke abayakukhuleka egameni leNkosi bayakusindiswa."



Uma ungathanda ukwamukela uJesu Kristu njengoMsindisi wakho uthole intethelelo kuNkulunkulu, nangu umthandazo ongawuthandaza kafushane. Yazi kodwa ukuthi ukusho lomthandazo, noma ke yimuphi omunye ofana nawo angeke kukusindise. Kodwa ukwethembela kuJesu Kristu kuphela okungenza ukuthi uthole ukuthethelelwa ezonweni. Lomthandazo uyindlela nje elula enceda ukuthi uthululele kuNkulunkulu ukukholwa kwakho kuye futhi umbonge ngokukulungisela intethelelo. Thandaza ke uti:

“Nkulunkulu othandekayo.

Ngiyabonga ukuthi uthethelele zonke izono zami. Ngibonga ukuthi ungamukele njengomtwana wakho. Ngiyabonga Nkosi Jesu ukuthi wafela izono zami esiphambanweni. Ngiyakubonga Moya oyincwele ukuthi uyaphila enhliziyweni yami futhi uyangisiza ukuthi ngiphile njengomKristu. Ngiphe amandla okuthi ngifakaze ngensindiso yakho. Egameni likaJesu. Amen.”